



INGE-DE

January 2010, Vol. 13, No.1

UHLELO LWEMBEWU YOMOBA OLUXHASWE INHLANGANO KASHUKELA U-SASA

Inhlango KaShukela yase-Mzansi Afrika u-SASA, ngesandla sika CaneGrowers, isiyenze omkhulu umehluko ekutholakale-ni kwembewu yomoba eseze-ingeni eliphezulu ngokuxhasa ukusungulwa kwezinkulisa-mbewu (seedbeds) ezindaweni zabalimi abalima ngokuncane.

Izinhloso ngalezikulisa-mbewu yilezi:

- Ukwenza imbewu yomoba esezeingeni eliphezulu itholakale eduzane futhi kalula kubalimi, ngaleyondlela kwehliseke izindleko zokuyithutha
- Ukusebenzisa amasimu embewu yomoba njengamasimu ayizibonelo futhi okufundiselwa kuwo abalimi kuloku - ukwenziwa kwezilinganiso, ukulima, ukutshala, ukunqanda ukhula, ukufaka umanyolo, noku-nye.
- Ukwazisa nokubonisa abalimi ngezinholo ezintsha zomoba nokuthi zenza kanjani lezinhlobo ezindaweni zabo

Kubalimi, ikakhulukazi kulabo abalungiselela ukutshala imbewu yomoba, nokutshala ke nje okujwayelekile, yiloku okulindeleke kubo:

- Mabahambele izifundo ezilethwa kubo futhi bazimisele ukubamba iqhaza
- Mabenze isiqiniseko sokuthi lapho kuzotshalwa khona imbewu yomoba makungabi nomoba omdala noma utshani – kumele kubanda-kanye abakwa P&D ukuzohlola indawo ezotshalwa bayiphasise kuqala
- Mabazi uhlobo lomhlabathi ensi-mini ezotshalwa (abeluleki bayatholakala ukunika usizo kulokhu)
- Makuthathwe isampula lomhlabathi (ngaphambi kokutshala) ukuze kutholakale izincomo zohlobo



Iukamanyolo nesibalo samasaka okumele kusetshenziswe

- Mabazi uhlobo lomhlabathi, ukuma kwendawo, ibanga eliya emshinini kanye nesidindo sendawo noma izincomo. Ulwazi lwako konke loko kuyokukusiza ukwazi ukuthi hlobo luni lomoba okumele ulutshale

Makwaziwe la izotshalwa khona imbewu uma isivuthiwe ngoba akulindelekile ukuthi iye emshinini!

Ukwazi kabanzi ngaloluhlelo noma ukufaka isicelo, xhumana nomlekeleli wabalimi wakwa CaneGrowers (GSO) endaweni yangakini.

Impumelelo yaloluhlelo incike kakhulu ekusebenzeni ngokubambisana okusez-ingeni eliphezulu phakathi kwezinhlaka zabalimi nezinhlango ezibambe iqha-za kubalimi ezahlukahlukene njengo: - CaneGrowers, SASRI, Miller, Dept of Agriculture, nabanye.

Ngu: Thulani Masondo

UKUSAKAZWA KWEZINHLELO ZEZOLIMO EMSAKAZWENI

Abalimi bayakhuthazwa ukuthi balalele izinhlelo zezolimo emsakazweni abazethulelwa wumnyango wezolimo kanye ne-sikhungo socwaningo lezomoba (SASRI). Lezhlelo zisakazwa emsakazweni yesifundazwe eyahlukahlukene njengoba kubekiwe ngezansi. Lezi zinhlelo ziphethe ulwazi oludingwa ngumlimi ukuze aphumelele, futhi zixhaswe wumnyango wezolimo nemvelo kwaZulu-Natal.

IGAMA LOMSAKAZO	INDAWO ISITESHI SOMSAKAZO ESIKUYO	IGAMA LOHLELO	USUKU OKUSAKAZWA NGALO UHLELO	ISIKHATHI OKUSAKAZWA NGASO
SUNNY SOUTH (97.0 FM)	Port Shepstone	Ulimo lwakho	Ngo Lwesine	05h00 - 05h35
UKHOZI FM (90.1 no107.5 FM)	Ethewini	Cobela kufalaza mlimi	Ngo Lwesithathu	03h45 - 04h45
DURBAN YOUTH RADIO (105.1 FM)	Ethewini	Youth in Agriculture	Ngo Lwesibili	11h30 - 12h00
KHWEZI RADIO (90.5 no 107.7 FM)	Kranskop	Ezolimo nomnotho	Ngo Lwesithathu (Impinda)	19h05 - 19h40 05h05 - 05h30
GOOD NEWS (93.6 FM)	Verulam	Ezolimo nezemvelo	Iwesithathu Ngo Lwesithathu (Impinda)	14h30 - 15h00 05h00 - 05h30
ICORA (100.4 FM)	Eshowe	Phezu komkhono	Ngo Lwesithathu Ngo Lwesithathu (impinda)	13h00 - 13h30 19h00 - 20h00
MAPUTALAND RADIO (107.6 FM)	Jozini	Xoshindlala	Ngo Lwesine	19h00 - 20h00
NEWCASTLE RADIO (103.7 FM)	Newcastle	Ezolimo nentuthuko	Ngo Lwesine	20h00 - 20h30

AMAPHUZU ABALULEKILE EKUSIMAMISENI UMKHIQIZO WOMOBA

Ngu: Thulani Masondo

Umkhiquizo womoba osimeme uncike ekuzimiseleni ukuthola nokwamukela ulwazi/izeluleko, ukusebenza ngokuzinikela nokusebenzisana nezinhlango zosizo/zokweluleka esinazo lapha embonini kaShukela.

Lezozinhla eziwusizo ilezi:

- Isikhungo sezocwaningo u-SASRI
- Inhlango yabalimi bakamoba i-CaneGrowers Association
- Abagayi bakamoba (THS, Illovo, TSB and Ushukela)
- Umnyango weZolimo neZemvelo (Umnyango weZolimo neZomhlaba e-Mpumalanga)
- Omasipala bendawo
- Amakomidi ezigayo zikamoba (MCC)
- Izinkampani zikamanyolo nemithi ezsendarweni okuyo

Zonke lezizinhlangano ezibalwe ngenhla nabasebenzi bazo zinenjongo eyodwa yokwenza abalimi bakamoba baphumelele ebhizinisisi labo. Ukuze zikwazi ukunikeza usizo, uxhaso kanye nezeluleko, abalimi kudinga babe nentshisekelo yokwamukela usizo lwazo. Ngokuzinikela kwenu njengabalimi oxhasweni siyakwazi ukuguqula isimo esinzima somkhiquizo ophansi kubalimi abalima ngokuncane.

Lezizinhlangano ezibaliwe ngenhla zinezindawo ezi-fanele lapho zihlangana khona njalo ukuxoxa kabanzi ngamasu entuthuko. Izinhlelo kufuneka zikalelw isikha-thi esithile futhi kuqokwe nomuntu ozobhekana nazo. Khumbula impumelelo yakho njengomlimi yimpumelelo yezolimo nomnotho eMzansi Afrika wonkana.

UMSEBENZI OBHEKENE NOMLIMI

Ngaphambi kokuthi ugale ukulima, umlimi okhaliphile uyokwazi izinhlobo zomhlabathi anawo epulazini lakhe.

Ukwazi izinhlobo zomhlabathi wakho kuyokusiza ukuthi ukwazi ukuhlela lokhu okulandelayo:

- Indlela ozoyisebenzisa uma ulwazi umhlabathi wakho
- Izinhlobo zomoba okuzofanele uztishale
- Izikhathi okuyizona ongahlahla ngazo (izindawo ezimanzi kumele zihlahlw ebusika)
- Ukubala kahle izindleko zokusebenza ukuze uphumelele.

EZINYE IZINTO OKUMELE UMLIMI AZENZE

- Thatha isampula lomhlabathi (ukuze wazi inhlubo kamanyolo okufanele uyifake kanye nesibalo samasa-awo).

- Faka isicelo sembewu kusasele unyaka.
- Qiniseka ukuthi indawo ozotshala kuyo ayinakhula futhi awekho amavolontiya (uma kungenze ka bulala ukhula ikakhulukazi utshani obenabayo kusasele unyaka futhi futha okwesibili ngaphambi kokuthi utshale).
- Xhumana nomeluleki wakho wendawo yangakini.
- Unganciphisi umanyolo futhi qinisekisa ukuthi uyawufaka umcako wabali uma udingeka.
- Qinisekisa ukuthi uyazifaka izibulala-khula kungaze kwedlule isonto emva kokutshala.
- Faka isikhuthaza somoba ngaphambi kokuthi umoba wakho ube nezinyanga ezintathu ubudala.
- Uma insimu yakho ingaphansi kwama Hektha amabili asikho isidindo sokuthi uqashe usonkontileka, lokho kuyozehlisa izindleko zakho.
- Qiniseka ukuthi uyayihambela imihlangano noqeesho olusuke lulungiselwe abalimi.
- Hlanganyela emisebenzini yabalimi.
- Gcina yonke imininingwane yezinto ozenzayo epulazini lakho.

Uma ufuna ukuphumelela kufanele ukulungele ukusebenzisa imali ngobuhlakan futhi usebenzise nezeluleko onikezwa zona. Qiniseka ukuthi unazo izivimba-mlilo ezipungeze insimu yakho ukwehlisa ingozi yomlilo ebusika.

Okokugcina, qiniseka ukuthi usonkontileka ohlahlayo omqashile unayo imishini nabagawuli bakamoba ukwenza umsebenzi, njengoba umoba wakho kufanele ugaywe ezinsukwini ezintathu emva kokushisa.

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa thintana nomeluleki wendawo yangakini noma ochwepheshe bakamoba bakwa-SASRI.

Ochwepheshe bakamoba bakwa-SASRI:

South Coast: William (Billy) Gillespie 082 655 0356

North Coast: Francis Phewa 082 655 0358

Zululand North: John Neen 082 653 3149

Zululand South: Thulani Masondo 082 653 3148

Mpumalanga Malelane: Bongi Bhengu 013 790 0230

Mpumalanga Komati: Sifiso Mkhwanazi 013 790 0230

AMASU ASEMOKA

Okumele ukwenze kulezinyanga ezine ezilandelayo, yiloku:

January / Masingana

- Hlolela izifo nezinhlobo zomoba okungeyizo emasimini nakwi Zinkulisa-mbewu zakho
- Lungisa imishini namathuluzi akho abe sesimeni sokusebenza
- Bheka ubabe olusalile/olumile kamuva emasi-mini ulukhiphe
- Chela ngomuthi ubulale ukhula olu-nabayo/huquzelayo njengesinandi olungaphansi kwe-sikhaba somoba
- Yenza uhlelo lokuhlahla IweSizini ezoqala
- Hlela futhi uphothule uhlelo lokuvuthiswa komoba ngomuthi
- Bhekisisa ukukhula komoba emasimini ukuze ubone lakunesidingo khona sokutshala kabusha

February / Nhlolanja

- Qala ukuchela umoba ngomuthi ngenhlosu yokuwuvuthiswa uma izimo sezivuma
- Dweba uhlelo lomsebenzi IweSizini yonke ezo-qala
- Yenza uhlelo lokusebenza kwezimali
- Yenza uhlelo Iwesidindo sembewu yangonyaka ozayo
- Yimba ususe izixhanti zomoba ezinezifo kanye nezinhlobo zomoba ekungeyizo ezitshaliwe emasimini nakwizinkulisa-mbewu
- Sika utshani emabhandeni/ezitubheni nasemigceleni yamasimu
- Yenza izilinganiso zomoba wakho zesizini ezo-qala

Maphakathi nesifundazwe,

- Tshala lezondawo ezinokuhlaselwa isithwathwa
- Tshala izinkulisa-mbewu

March / Ndasa

- Yakha uhlelo lokumisa ukunisela emasimini azohlahlwia
- Hlolela isifo u-Mbasha (RSD) emasimini azot-shalwa kabusha
- Hambisa izilinganiso zomoba wakho ozohlahlwia
- Hlola isihlava-somoba (eldana) emasimini angahlahlwanga ngesizini edlule
- Lungisa futhi ugcine isesimweni esihle yonke imigwaqo epulazini lakho
- Phothula ukutshala kwakho kwase ntwasa-busika

April / Mbasa

- Yenza isiqiniseko sokuthi abagawuli bomoba bayaluthola uqequesho noma sebeqequeshekile
- Ubuhle bomoba into ebalele kakulu ngak-hoke qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele, omuhle futhi omusha
- Amasimini azotshalwa kabusha nalawo anesi-hlava (eldana) esiningi kumele uhlahle wona kuqala
- Hlela kahle ukunisela kwakho, unganiseli ngok-weqile
- Ingabe uhlelo lokuhlahla selumi ngomumo, usuyamazi usonkontileka ozokuhlahlela?
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zikamanyolo ozowusebenzisa
- Thenga uKALIKA / umcako-wabali uma udingeka ensimini yakho



South African Sugarcane Research Institute



2010

SIKULEKELELA UFEZE
IPHUPHO LAKHO!

JANUARY/MASINGANA 2010						
S	M	T	W	T	F	S
31					1	2
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	30

FEBRUARY/NHLOLANJA 2010						
S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28						

APRIL/MBASA 2010						
S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	

JULY/NTULIKAZI 2010						
S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	31

OCTOBER/MFUMFU 2010						
S	M	T	W	T	F	S
31				1	2	
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	30

AMASU ASEMOKA

JANUARY / MASINGANA

- Bheka ubabe olusalile/olumile kamuva emasimini ulukhiphe

- Yenza uhlelo lokuhlahla lweSizini ezoqala

FEBRUARY / NHLOLANJA

- Dweba uhlelo lomsebenzi lweSizini yonke ezoqala

- Yenza izilinganiso zomoba wakho zesizini ezoqala

MARCH / NDASA

- Lungisa futhi ugcine isesimweni esihle yonke imigwaqo epulazini lakho

- Phothula ukutshala kwakho kwase ntwasa-busika

APRIL / MBASA

- Ubuhle bomoba into ebaluleke kakhulu ngakhoke qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele, omuhle futhi omusha

- Ingabe uhlelo lokuhlahla selumi ngomumo, usuyamazi usonkontileka ozokuhlahlela?

MAY / NHLABA

- Thatha amasampula omhlabathi emasimini asehlahiwe ukuze uthole izincomo ngohlobo lweSikhuthaza ozosibenzisa

- Qikelela ukuthi uyayilandela / uayihlonipha imithetho yokushiswa komoba

JUNE / NHLANGULANA

- Thenga umanyolo ozowusebenzisa, ngokwezincomo

- Lungisa amabhande avimba umlilo, ukekelezele amasimu akho

JULY / NTULIKAZI

- Bulala ukhula lasebusika

- Yenza isiqiniseko sokuthi izigubhu zakho zokufaka uphoyizeni / izibulala-khula nomanyolo zisesimweni sokusebenza

AUGUST / NCWABA

- Qhubeka nokubulala ukhula lasebusika

- Hlolela isifo uMbasha (RSD) emasimini akho embewu

SEPTEMBER / MANDULO

- Qala ukufaka isikhuthaza emahlumeleni akho

- Faka izibulala-khula ezinqanda ukhula isikhathie eside

- Qala ukutshala kwakho kwaseNtwsa-hlobo

OCTOBER / MFUMFU

- Hlola amasimu abefakte izibulala-khula ngenyanga edlule ukuthi ukhula lufa kahle yini noma qha

- Qala ukutshala kwakho kwasehlobo ngokugcweli

- Bheka amasimu anokhula oluyinkinga bese ulwa nalo

NOVEMBER / LWEZI

- Futha ngophoyizeni umoba omdala kulawomasimu azotshalwa ngohlelo lokutshala-ungalimanga (minimum till)

- Sika utshani emingceleni yamasimu nasemabhandeni omlilo

DECEMBER / ZIBANDLELA

- Bheka ukhula olungafanga / oluquubuke kamuva emasimini bese ulwa nalo kanjalo nalolo oluyinkinga

- Hlola ukuthi umoba omdala obufuthiwe ngophoyizeni usha kahle yini

- Phothula ukutshala kwakho maphakathi nenyanga

1st January - New Year's Day, 21st March - Human Rights Day,

22nd March - Public Holiday, 2nd April - Good Friday, 5th April - Family Day,

27th April - Freedom Day, 1st May - Workers' Day, 16th June - Youth Day,

9th August - National Women's Day, 24th September - Heritage Day,

16th December - Day of Reconciliation, 25th December - Christmas Day,

26th December - Day of Goodwill, 27th December - Public Holiday